

## IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

13/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Seksagesime, ngomhla ka 8 02. 2015

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuHebr. 3:15, lithi: **"Namuhla uma nilizwa izwi lakhe, ningeazenzi-lukhuni inzinhliziyo zenu."**

1. Iculo 25/179

2. **Umkhuleko:** Baba wethu osezulwini, siyabonga Baba ngokuba usithanda kangaka. Usiphe amandla, Baba, ukuba siqhube izwi lakho emhlabeni wonke. Ibandla lakho malingakhathali emsebenzini walo wokuhambisa ivangeli lakho ebantwini. Siphe njalo izisebenzi eziqotho ezikwazi ukuhlwanyela izwi lakho ebantwini, ukuba baphenduke, basindiswe. Lokhu sikucela ngoJesu Kristu iNdodana yakho, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 55:6-12a;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kumaHeberu 4:12-13.

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Marku 4: 26-29.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 231/154

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 8:4-15, lithi: "Sekubuthene kuye isixuku esikhulu sivela emizini ngemizi, wakhuluma ngomfanekiso, wathi: Kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela imbewu yakhe. Ekuhlwanyeleni kwakhe enye yawela ngasendleleni; yanyathelwa, izinyoni zezulu zayidla, zayiqeda. Enye yawela edwaleni; kuthé imila, yabuna, ngokuba ingenamswakama. Enye yawela phakathi kwameva, kwaze kwathi ameva esemila kanye nayo ayiminyanisa. Enye yawela emhlabathini omuhle; kuthé imila, yathela ngekhulu. Ekusho lokhu wamemeza wathi: Onezindlebe zokuzwa makezwe. Abafundi bakhe bambuza ukuthi ungaba-yini lowomfanekiso na? Wathi-ke: Niphiwe nina ukwazi izimfihlakalo zombuso kaNkulunkulu, kepha abanye bakuphiwa ngemifanekiso ukuba bebona bangaboni, bezwa bangaqondi. Umfanekiso yilokhu-ke: imbewu iyizwi likaNkulunkulu. Abangasendleleni yilabo

abathi sebezwire, besekufika uSathane, alisuse izwi enhliziyweni yabo ukuba bangakholwa, basindiswe. Abasedwaleni yilabo abathi sebezwire, balamukele izwi ngokuthokoza; kepha laba kabanampande, bakholwa isikhashana nje, kuthi ngesikhathi sokulingwa bahlubuke. Okuwelé phakathi kwameva yilabo abathi sebezwire, bahambe, baminyaniswe ngeminako nengcebo nezinjabulo zokuphila, bangatheli izithelo ezivuthiwe. Okusemhlabathini omuhle yilabo abathi belizwire izwi, balibambe ngenhliziyo enhle nelungileyo, bathele izithelo ngokubekezela." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu. Kuyisonto lezwi likaNkulunkulu. Yebo, kuyachacha ukuthi onke amasonto angamasonto ezwi leNkosi, kodwa leli lithanda ukusifundisa kakhulu ngamandla akhona ezwini layo. Lihle lelizwi lanamuhla, elithanda ukusihola kulelisonto lezwi leNkosi. Onke amazwi anamuhla ayasekela lesisihloko sanamhlanje. Ake siqale sizwa indima yaleliviki elotshiwe encwadini kumaHeberu esahlukweni sesine, lendima ithi: "Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni izinhliziyu zenu." Kuze kube namuhla izwi likaNkulunkulu liyamenyezelwa ezindaweni zomhlaba, ukuba abantu balizwe, bakholwe, baphenduke. Ake sivulele izinhliziyu zethu kulo, ukuba lisebenze kithi, lisiguqula ukuba siphenduke kahle, sibe abantu bakaNkulunkulu abaphilayo ezwini lakhe, enkonzweni yakhe, entethelelweni yakhe, enkululekweni yakhe. Izwi likaNkulunkulu malithambise izinhliziyu zethu ukuba zibe insimo enhle ethela izithelo ezinhle, ezilungile. UMoya oNgcwele makazithambise impela ukuba izinhliziyu zibe umhlabathi omuhle, ukuba zithele ngekhulu.

Ihubo lanamahla lithi: "Kuze kube phakade, Jehova, izwi lakho limi liqinile ezulwini." Kusuke ekuqaleni, ekhazini lokuqala lebhayibheli siyabona amandla ezwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu uyadala ngalo izwi lakhe. Nanamuhla uNkulunkulu uyadala ngezwi lakhe. Ibandla likaKristu liyaphila ngalelizwi lakhe. Ngaphandle kwezwi asinalutho. UMoya oNgcwele uyasibiza ngalo, uyasipha ukukholwa ngalo, uyasilondoloza ekukholweni ngezwi lakhe. Ake singadeleli intshumayelo nezwi likaNkulunkulu, kodwa siliphathe ngendlela efanele. Lokhu sifunda emyalelweni wesithathu othi: "Khumbula usuku lokuphumula ulungcwelise. Lokhu kusho ukuthini na? Kuthi: Asomesaba, simthande uNkulunkulu, ukuba singadeleli intshumayelo nezwi lakhe; kodwa siliphathe njengezwi elingcwele, silizwe, silifunde ngokujabula."

Nepistola lanamuhla liyasifundisa ngezwi likaNkulunkulu lithi: "Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili." Bathandekayo eNkosini izwi likaNkulunkulu liyasika kunezinkemba, kunezikhali zomhlaba. Ake silizwe,

silifunde, silihloniphe kakhulu kakhulu ebandleni lethu. Singadlali ngalo. Izwi lakhe linamandla kunezikhali, kusho ukuthi sifanele ukulihloniphe, sifunde ukulisebenzisa. Izwi likaNkulunkulu alisiyo into yokudlala.

Izwi lentshumayelo yanamuhla liyasifundisa ngokuhlwaneyelwa kwezwi likaNkulunkulu phakathi kwabantu. Usuku nosuku izwi liya ebantwini, alimi endawonye, liyahamba, liyagijima, liya phambili. Izwi likaNkulunkulu lazalwa eJerusalema. Lathuma abafundi balo emhlabeni wonke ukuba bashumayeke, bahlwanyele izwi lakhe. Bafikile eJudiya lonke, naseSamariya, bayile eGaza, bayile e-Etiyopiya, bafikile eRoma, naseYurobhu, bagijimile eMelika, balihlwanyele nase-Afrika. Wathi uJesu ekuvaleliseni kwakhe kubafundi bakhe: "Nizakwamueliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, nibe ngofakazi bami eJerusalema, naseJudiya lonke, naseSamariya, kuze kube sekugcineni komhlaba." Kuze kube namuhla izwi leNkosi liyafuna, liyafumana abantu, libahlanganisa noKristu ebandleni lakhe. Liyahlwanyelwa ngazo zonke izikhathi. Nembewu eyizwi likaNkulunkulu liwelaphi na? Liyawela ezinhliziyweni zabantu bakaNkulunkulu. Umhlwanyeli wembewu uyahlwanyela lembewu ukuba abantu baphenduke, bakholwe nguMsindisi onguJesu Kristu.

UJesu Kristu uyasifundisa namuhla ngezwi lakhe. Abaningi abantu bezwa lelizwi kodwa abakholwa. Balizwa izwi lakhe kodwa alingeni kahle enhliziyweni yabo ukuba bakholwe. USathane, nokulinga, neminako nengcebo nezinjabulo zokuphila, konke lokhu kuyasusa nokuvimba ukukholwa kubo, akuvumi ukuba izwi lihlume, limile enhliziyweni yabo. Abakwazi ukukholwa. Siyazi ukuthi umhlabathi uyafuna ukulungiswa qala phambi kokutshala. Umlimi uyathatha isikhathi eside ukulungisa umhlabathi. Asikwazi ukutshala emgwaqweni, asikwazi ukuhlwanyela imbewu phakathi kokhula, asikwazi ukuhlagula phakathi kwamatshe. Ngenxa yalokhu ibandla lakithi liyathatha isikhathi uma sifundisa ikilasi, asisheshisi kakhulu. Abantwana bethu bafanele ukufunda kahle, nathi esikhulile sifanele ukufunda kahle, silizwe izwi likaNkulunkulu, sidle isidlo seNkosi ukuba uMoya athole kahle ithuba lokusebenza kithi. UMoya oNgcwele ufanele ukuhlagula, ufanele ukulungisa, ufanele ukuthambisa, ufanele ukususa lamatshe akhona ensimini kaNkulunkulu ukuba imbewu yakhe ithole indawo elungile enhliziyweni yethu. Uyakwenza lokhu ngezwi lentshumayelo nangamasakramante. Ngemvelo yethu singabantu abalukhuni kakhulu, asikwazi ukuzilungisela ukuba sibe umhlabathi omuhle. Kodwa uMoya oNgcwele uyasilungisa ngokulima, nangokuhlagula, nangokukhipha amatshe ukuba imbewu yezwi ithole indawo yokuhluma, indawo yokumila, indawo yokuvutha, neyokuthela izithelo kahle.

Ake sibonge uNkulunkulu ngokuba wasithanda kangaka, wathuma kithi izwi lakhe. Ake singadeleli lesisipho sakhe esikhulu esikhona ekuphileni kwethu. Ake simbonge, simkhonze, simdumise, simlalele ngakho konke ukuphila kwethu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Baba, thuma njalo abafundisi ezizweni zonke ukuba bahlwanele izwi lakho kubo abantu bezizwe zonke, ukuba baphenduke, bakholwe nguJesu Kristu uMsindisi wabo, baphile kanye nabangcwele bakho bonke. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

#### 10. Iculo 78/71

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2008 ngu-P C. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.